# Izinguquko oHlelweni Lwehhovisi Elilawula Impahla Emngceleni Lokungeniswa Kwempahla Ezweni

**Tshwane, 8 kuNcwaba 2024 –** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) lusazibophezele ekuhlinzekeni ngengcaciso nesiqinisekiso ekuqalisweni kokusetshenziswa komyalelo walo wokukhuthaza uhwebo olusemthethweni ukuze kuthuthukiswe umnotho wezwe esikhathini sokuhweba nge-inthanethi i-e-Commerce esikhula ngesivinini esikhulu. Lokhu kuzofinyelelwa kukho ngokwenza kube lula ukuxhumanisa ukuhamba kwezimpahla okunyukile.

Ngokulandela lo myalelo ongenhla, uSARS ukuqaphelile ukukhathazeka okukhona okuzwakalisiwe ngokungeniswa kwezimpahla eziningi, ikakhulukazi izingubo zokugqoka, kusetshenziswa i-e-Commerce okwenziwa abangenisi bempahla ezweni abangazikhokhi izintelo zabo ezifanele kanye neNtela Yentengo kulezi zimpahla ezingeniswa ezweni, okuholela ekuncintisaneni okungenabulungiswa kwabanye abakule mboni.
Ukukhathazeka kuvela ekutheni, ngenxa yesilinganiso esikhulu sokuhweba nge-*e-Commerce*, iHHovisi Elilawula Impahla Emngceleni lakwaSARS liqalise ukusebenzisa uhlelo "lokuvunyelwa" ezimpahleni zentengo engaphansi kuka-R500, lapho abangenisimpahla ezweni bebekhokha isilinganisonani esingaguquki sika-20% wezintelo kanye neNtela Yentengo.

Ukubhekana nalokhu kukhathazeka nokuhlinzeka ingcaciso kubahwebi ababandakanyekayo ekungenisweni kwempahla ezweni besebenzisa i-*e-Commerce*, uSARS uzokwenza izinguquko ezimbalwa ngokuhambisana nohlakakusebenza lweNhlangano Yomhlaba Yokulawulwa Kwempahla Emngceleni i-World Customs Organization (WCO) ukubhekana nezinguquko esezikhona vele kwezohwebo.

Ekuqaleni kowe-1990 ukuthuthwa kwesibalo esiphezulu sezimpahla zamanani aphansi noma anganakekile ziwele umngcele kusetshenziswa indlela yokuhanjiswa kwempahla okusheshayo bese kuvele kubonakala kukhula emhlabeni wonke nokuholele ekutheni iNhlangano Yomhlaba Yokulawulwa Kwempahla Emngceleni (WCO) isungule izinqubo zokukhipha/zokudlulisa - ezaziwa ngokuthi yi"*WCO Guidelines on Immediate Release*".

Le mihlahlandlela ihlose ukulekelela abalawula ukungena nokuphuma kwempahla abangamalungu e-WCO ukuba bakwazi ukuvamisa inqubo yokudlulisa izimpahla ze-e-Commerce, ngokubheka umgomo wolwazi oluhlinzekwa umsebenzisi eMnyangweni Olawula Impahla Emngceleni ngaphambi kwesikhathi sokufika kwempahla, kanye nokuhlukaniswa kwezimpahla zibe yizinhlobo ezine (4) ezihlukile: -

Uhlobo 1 – Izincwadi namadokhumenti – Akunantengo ohwebeni, akutheliswa, kukhishwa ngaso leso sikhathi ngokubhekwa kokudalula okuhlanganisiwe okungenziwa ngomlomo noma kubhalwe phansi (uhlamniningo, idokhumentimininingo noma uhla lwesitoko leso).

Uhlobo 2 – Umthwalo wentengo ephansi engaphansi komkhawulo wenani elibekiwe lapho okungaqoqwa khona izintelo nezintela, ezikhishwa ngaleso sikhathi futhi

zikhishwe kubhekwa uhlamniningo, idokhumentimniningo, idokhumentimniningo yendlu, ukudalulwa komthwalo, noma uhla lwesitokwe salezo zinto.

Uhlobo 3 – Imithwalo etheliswayo yentengo ephansi (ukudalula kwezimpahla okwenziwe lula) – izimpahla ezingaphezulu komkhawulo wenani elibekiwe, kodwa ezingaphansi komkhawulo wentengo ephelele, etheliswayo, kanye nokusetshenziswa kokudalula okwenziwe lula, noma ekhishwa ngokubhekwa kohlamininingo okuhambisana nesiqinisekisomvume esenziwe lula, njll.

Uhlobo 4 – Imithwalo yentengo ephezulu (ukudalulwa kwempahla okuphelele) – Imithwalo engangeni ngaphansi kwezinhlobo ezintathu ezidalulwe ngenhla kanye nemithwalo enezimpahla ezibekele izithibelo ezithile. Izinqubo ezivamile zokukhipha nokudlulisa, kubandakanya ukukhokhwa kwezintelo nezintela, kuyasebenza.

Izinguquko okumele ziqaliswe ukusetshenziswa:
• Ukwethulwa kweNtela Yentengo ngaphezulu kwesilinganisonani esikhona esifanayo sika-20% sentelo yokuLawulwa Kwempahla Emngceleni kusukela mhla lu-1 kuMandulo 2024 njengendlela yokungenelela yesikhashana.
• Ukufakwa kwesilinganisonani esingaguquki samanje esingu-20% kundlelakusebenza ye-WCO kulezi zinhlobo ezi-3 zokuqala nezilinganisomanani ezifanele zentelo, kusukela mhla lu-1 kuLwezi 2024.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uthe uSARS zosebenzisana noMnyango Wohwebo, Izimboni Nokuncintisana (i-DTIC), njengabaqaphi benqubomgomo yokuhweba nokuthuthukiswa kwayo, kanye nabanye abakule mboni, ukwakha ukwethenjwa umphakathi ngokubheka amathuba okulinganisa imigomo yokuba yingxenye yalokhu ukuze kuvikelwe izimboni zakuleli futhi kusungulwe amathuba amabhizinisi ukuze kukhule umnotho. Uthe uSARS uzozinikela "ekusebenziseni kakhulu imininingo, uhlakahlisombumbulu, ukufunda ngomshini kanye nezibalo ukuze uxhumanise kangcono uhwebo ube unciphisa nobungozi kwezomnotho".

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane noSARS ku SARSMedia@sars.gov.za